

SA's Leading Past Year

Exam Paper Portal

STUDY

You have Downloaded, yet Another Great Resource to assist you with your Studies 😊

Thank You for Supporting SA Exam Papers

Your Leading Past Year Exam Paper Resource Portal

Visit us @ www.saexampapers.co.za



SA EXAM
PAPERS



education

Department:
Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

**NATIONAL
SENIOR CERTIFICATE**

IBANGA LE-12

ISIZULU ULIMI LWESIBILI LOKWENGEZA (SAL)

IPHEPHA LOKUQALA (P1)

NOVEMBA 2009

IMEMORANDAMU

KZN

AMAMAKI: 120

Le memorandamu inamakhasi ayi-11.

ISIQEPHU A: ISIFUNDO SOKUQONDISISA (COMPREHENSION)

UMBUZO 1

- 1.1 1.1.1 NguThemba Siwela. (1)
- 1.1.2 Rasta, Shoti, Stix no Chiskop (4)
- 1.1.3 (a) Untanga. (1)
(b) Oyisiphukuphuku. (1)
(c) Ongakhanyi ngebala. (1)
- 1.1.4 (a) Ukuchaya izandla noma ukuneka izandla.
(b) Ukuhambela phezulu noma ukuphangisa. (2)
- 1.1.5 Izimpendulo ziyokwehluka
 - UChiskop ufuna ukushaya uShoti.
 - Ushoti uyabono ukuthi ukhulume kabi no Chiskop. (2)
- 1.1.6 Lapha liqonde ukuthi angamqali. (2)
- 1.2 1.2.1 Ungumethuli wohlelo i-Yo TV. (2)
- 1.2.2 Wawuthola ngokuphumelela emncintiswaneni womethuli wohlelo lwe-Yo TV. (1)
- 1.2.3 (a) Inyuvesi (1)
(b) Umcintiswano/umqhudelwano. (1)
- 1.2.4 (a) South African Broadcasting Corporation (2)
(b) Television (2)
- 1.2.5 Fourways, Centurion Mall, Maponya Mall ne-Canal Walk (noma yikuphi okubili) (2)
- 1.2.6 Izinsuku (1)
- 1.2.7 Yingoba kufanele uzibheke ngaso isikhathi ngoba abantu babuka wena (2)
- 1.2.8 Akufanele izibulale ngezidakamizwa uma ifuna ukuphumelela. (2)

AMAMAKI ESIQEPHU A: 30

ISIQEPHU B: UKUFINGQA (SUMMARY)

UMBUZO 2

Bheka i-Annexure B ekugcineni kwaleli phepha.

AMAMAKI ESIQEPHU B: 10

ISIQEPHU C: UHLELO NOKUSETSHENZISWA KOLIMI (LANGUAGE USAGE)

UMBUZO 3

- | | | | |
|-----|--------|--|-----|
| 3.1 | 3.1.1 | izanya | (1) |
| | 3.1.2 | necala | (1) |
| | 3.1.3 | ovalweni | (1) |
| | 3.1.4 | ukuthi | (1) |
| | 3.1.5 | zinkabi | (1) |
| | 3.1.6 | yesikole | (1) |
| | 3.1.7 | amaphoyisa | (1) |
| | 3.1.8 | enkantolo | (1) |
| | 3.1.9 | ukufunda | (1) |
| | 3.1.10 | lokho | (1) |
| 3.2 | 3.2.1 | (a) Izingane zidinga ukusizwa ngabantu abanjengomama. | (2) |
| | | (b) Ukufunda kuzoyithuthukisa ingane empilweni yayo. | (2) |
| | 3.2.2 | (a) uthisha | (2) |
| | | (b) bawuthokozele | (2) |
| | | (c) kuyayikhuthaza | (2) |
| | | (d) izisebenzele | (2) |
| | | (e) luthuthuka | (2) |
| | 3.2.3 | (a) <u>Amantombazane</u> athanda ukubhalelana izincwadi. | (3) |
| | | (b) obaba~ Nibobambela <u>obaba</u> izinyamazane (abafundi bangenza noma yimiphi imisho besebenzisa la magama adwetshelwe. | (3) |

- 3.2.4 (a) Ibhola lidlalwa izingane/yizingane nabangani bazo. (2)
(b) Amagama iwabizelwa ngumzali/umzali ukuze iwazi kahle. (2)
- 3.2.5 (a) Izilimi ziyothuthukisa amakhono. (2)
(b) Othisha bayolujabulela usizo lwabazali. (2)
- 3.2.6 Imfundo, umfundi, isifundo, ukufunda
(noma yimaphi amabili) (2)
- 3.2.7 Ngiyayithanda imfundo/Umfundi kumele ahlale efunda njalo./
Ngiyasithanda isifundo sezibalo./Ukufunda kumnandi.
(noma yimiphi imisho emibili) (4)
- 3.2.8 (a) Akunazindlela zokusiza emazingeni aphantsi. (1)
(b) Abazali abazubheka ukungaqhutshwa komsebenzi. (1)
[46]

UMBUZO 4

- 4.1 4.1.1 (a) umbuzo (2)
(b) umyalelo (2)
(c) isitatimende (2)
- 4.1.2 Kulindeleke ukuthi abafundi benze imisho yabo-kuvele ukuthi
ukumba eqolo kusho ukuthi into iyabiza.
Isib: uphethiloli umba eqolo kulezi zinsuku (2)
- 4.1.3 Hawu! Abantu basePitoli abeve beyithanda inyama yenkukhu. (4)
- 4.1.4 Uyasifundisa > inyama yesilwane esizifele iyingozi. (1)
Iyasixwayisa > ungayidli inyama yesilwane esizifele/Thenga
inyama ehloliwe (1)
[14]

AMAMAKI ESIQEPHU C: 60

ISIQEPHU D: IMIBHALO

UMBUZO 5: INOVELI

UMSHADO – N ZULU

- 5.1 Umuntu olahla amasiko ngempela izinto azimlungeli. Endabeni sivezelwe uBhekani owenza okuphambene nesiko okugcina kwenze impilo yakhe ibe nzima. Okokuqala ushela ugcine esethandana nowesifazane ongumfelokazi ekubeni yena akakaze ashade. Isiko lesiZulu alikukhuthazi ukuthi umfana ongakaze aganwe ashade nomfelokazi. Okwesibili uma sekwenziwa amalungiselelo elobolo akwenziwanga izinto ngokwesiko. (5)
- 5.2 5.2.1 Nomama wakhe. (1)
- 5.2.2 Yingoba akuwona umsebenzi owamukelekile emphakathini lo awenzayo (1)
- 5.2.3 UTholi uvele amqinele nje amzibe uma kukhona afuna ukukwazi ngaye. (1)
- 5.2.4 Oyisiyoyo/oyesabayo intombi yakhe (1)
- 5.2.5 NoLindiwe. (1)
- 5.3 5.3.1 Wayenguthisha. (1)
- 5.3.2 ENyawushane. (1)
- 5.3.3 UPamella. (1)
- 5.3.4 USfiso (1)
- 5.3.5 Wayefika ngamaphupho amatshela ukuthi akaganwe. (1)
- 5.4 5.4.1 Washona. (1)
- 5.4.2 Lindiwe. (1)
- 5.4.3 Bhatomu. (1)
- 5.4.4 Izinkulungwane ezintathu. (1)
- 5.4..5 Bangashadanga ngoba amaphoyisa abopha umakoti emshadweni. (1)

[20]

NOMA

UMBUZO 6: INOVELI

KUSINDA KWEHLELA ENDODENI – SJ MCHUNU

- 6.1 UMchunu wadela ubumnandi bempilo wakhulisa izingane zakhe ngethemba lokuthi zizokhula zibe abantu abaqotho zimnakekele naye. Wathi lapho esedinga ukuthi zimnakekele naye esegugile zahluleka ukukwenza lokho. Yena nomkakhe bazithola sebeyisicefe ezinganeni zabo. Kwasho ukuthi babengakwazanga nokubeka imali ngoba babefundise ngayo zona lezi zingane. (5)
- 6.2 6.2.1 Emzini kamfundisi. (1)
- 6.2.2 Bakade behlukaniswe izingane zabo. (1)
- 6.2.3 Babezizwa bewumthwalo ezinganeni zabo zazibalahlile. (1)
- 6.2.4 KwaSizabantu kwaMaphumulo. (1)
- 6.2.5 Cha, banquma ukuphindela emzini wabo. (1)
- 6.3 6.3.1 NguMaNdlovu. (1)
- 6.3.2 Abahlanu. (1)
- 6.3.3 UMjwayelwa. (1)
- 6.3.4 Ufanyana. (1)
- 6.3.5 EMnambithi esiteshini sesitimela. (1)
- 6.4 6.4.1 Wayefunda ngasese waze wafika emabangeni aphezulu. (1)
- 6.4.2 Umalume. (1)
- 6.4.3 Bawine iLotto. (1)
- 6.4.4 Ngokufunda ephephandabeni. (1)
- 6.4.5 Ngumfundisi. (1)
- [20]**

NOMA

UMBUZO 7: UMDLALO

ABABULANI BENYATHI – RM MNGADI

- 7.1 UDuma wanele wakhethwa waba yikhansela wazibona eseyinto enkulu emphakathini. Wangabe esakwazi nokuzithoba enkosini ngokuthi acele imvume kuyona uma kukhona afisa ukukwenza emphakathini. Kwala ngisho umkakhe esembonisa wangaboniseka. Kwala ngisho inkosi isizehlisa kuyena imbiza wanqaba ukuya kuyona. Lokhu kwacasula amanye amalungu omphakathi abanye behambisana naye uDuma kanti abanye babehambisana nenkosi. Lokhu kuhlukana kwemibono kwadala ingxabano emphakathini. (5)
- 7.2 7.2.1 Washaywa nguDlamini, induna yenkosi. (1)
- 7.2.2 Ungunobhala kaDuma. (1)
- 7.2.3 Ngoba useze walimala ngenxa yakhe. (1)
- 7.2.4 UMaShezi wamshiya wasala engenamfazi. (1)
- 7.2.5 Kwamxabanisa nenkosi kwayena esesabela impilo yakhe ezizwa engasaphephile (1)
- 7.3 7.3.1 Uyikhansela. (1)
- 7.3.2 UDuma wayengayazisi lapho ezobiza imihlangano endaweni yenkosi. (1)
- 7.3.3 Umbandlwa. (1)
- 7.3.4 UDlamini. (1)
- 7.3.5 Mazongolo. (1)
- 7.4 7.4.1 MaShezi. (1)
- 7.4.2 MaNgema. (1)
- 7.4.3 MaShezi. (1)
- 7.4.4 KwaMashu. (1)
- 7.4.5 Enenkani futhi engaboniseki. (1)

[20]

NOMA

UMBUZO 8: IZINKONDLO**AMAHLOKOHLOKO – EJ MHLANGA & JJ THWALA**

- 8.1 Le nkondlo ikhuluma ngokutholakala kwenkululeko kusetshenziswe isenzasamununtu esihlokweni ukwenza inkululeko izwakale sengathi kukhulunywa ngentombi enhle. Isetshenzelwe kanzima le nkululeko, abantu balahlekelwe ngokuningi beshiya imindeni yabo beya emazweni akude, belala ezintabeni ngoba belwela yona le nkululeko. Ukufika kwayo kwafaniswa nokuphuma kwenhlabvu yelanga okuletha injabulo nemfudumalo. Ubandlululo nokucwasana akusamele kuphinde kuvunyelwe. (10)
- 8.2 Kule nkondlo umntwana ubuza umzali wakhe ukuthi yini angamfundisi ngamasiko akhe, yini angaziqhenyi ngemvelaphi yakhe, kule nkondlo ingane ibiza umzali wayo ngesiphukuphuku. Lokhu ikwenziswa ukubona umzali wayo enhlanhlatha engayifundisi iqiniso ngemvelaphi yayo ukuze nayo ikwazi ukudlulisela lolo lwazi kubantwana bayo. Kafishane nje imbongi igxeka abazali abagcina sebeziqhenya ngamasiko nangezilimi zezinye izizwe bebe bebukela phansi okwabo. (5)
- 8.3 Kule nkondlo imbongi ihalalisela uVilakazi ngeqhaza ekuhlahleni indlela ekubhalweni kwezinkondlo zesiZulu. Imbongi imbiza ngengqalabutho uVilakazi, iphinde ihalalisela abazali bakhe ngokubusiseka ababa nako bokuzala iqhawe elifana naye. Imbongi ithi nakuba esadlula emhlabeni uVilakazi kodwa bona njengezimbongi ezisaphila bayosala beqhubeka lapho agcina khona uVilakazi. (5)

[20]**NOMA****UMBUZO 9: IZINDABA EZIMFUSHANE****IZINYEMBEZI ZOTHANDO – DBZ NTULI****LOBOLO – S ZIMEMA**

- 9.1 Umukhwe kaMandlenkosi wayeyindoda enomona. UMandlenkosi walobola waze washada nomakoti wakhe kodwa umukhwe wakhe engafuni bagcwalise impilo yabantu abashadile. Phezu kwalokho wayengafuni ukuthi akhiphe usuku lokushada esontweni ngoba yena wayethi lo mshado kaMandlenkosi wase nkantolo akawuthathi njengomshado wangempela. Umukhwe wayesedle ilobolo, engafuni nomakoti futhi engafuni ukukhipha nosuku lomshado. Lokhu wayekwenziswa umona wokuthi umakoti wayesebenza kunguyena owondlayo ekhaya umukhwe esadilizwa emsebenzini. Manje wayebona ukuthi uma emdelela eshada yena uzosala ebulawa yindlala. (5)
- 9.2 9.2.1 Yingoba udinwa yisenzo sakhe sokuthi wagodla umakoti kwaze kwafika isikhathi sokufa engabavumeli ukuthi bathokozele impilo yabantu abashadile. (1)

- 9.2.2 Ube nengozi yemoto. (1)
- 9.2.3 Ukuthi umukhwe wadla ilobolo, wagodla umakoti manje usethi akalekelelwe ngezindleko zomngcwabo. (1)
- 9.2.4 Cha, abakwazanga wagcina enqabile ukwelekelela. (1)
- 9.2.5 Yebo. Wayengenaso isibophezelo sokuthi amngcwabe ngoba wayeseyingane kamukhwe hhayi umakoti wakhe. Okwesibili wayeselahlekelwe kakhulu ekhokha ilobolo ekhokhela into engekho. (1)
- 9.3 9.3.1 KwaJiyane. (1)
- 9.3.2 UBra Joe noBra Sam. (2)
- 9.3.3 UDombi. (1)
- 9.3.4 Wathi lizomngcolisa ligcwele izintuli (1)
- 9.4 9.4.1 Bamnukubeza ngokocansi. (1)
- 9.4.2 Ntokozo. (1)
- 9.4.3 Nkomo. (1)
- 9.4.4 Zimiswe amaphoyisa. (1)
- 9.4.5 Ukungalaleli imithetho kamkhwenyana wakhe. (1)

[20]

AMAMAKI ESIQEPHU D: 20

AMAMAKI ESEWONKE: 120

IRUBHRIKHI YOKUFINGQA ANNEXURE B (SAL)

- Ukufingqa okubhalwe ngaphandle kokulandela umyalelo ngeke kumakwe.
- Amamaki ayonikezwa kuphela uma kufingqwe ngemisho ephelele nangamagama akho.
- Abahlolwayo kumele babhale inani lamagama abawasebenzisile ngezansi kwempendulo.

- **Ukucazwa kwamamaki**

- Okuqukethwe/amaphoyinti ayi-7 mawathole amamaki ayi-7
- Ulimi (uhlelo, isipelingi, izimpawu zokuloba) amamaki ama-2
- Bonisa kahle inani lamagama owasebenzisile – imaki -1

- **Ukuphucwa kwamamaki**

- Uma ohlolwayo enamaphutha ekusetshenzisweni kolimi (uhlelo, isipelingi, izimpawu zokuloba) amamaki ayosuswa olimini (2) kanje:

0 – 5 amaphutha akususwa lutho.

6 – 10 susa **1** imaki.

11 – noma ngaphezulu susa **2** amamaki.

- Uma ohlolwayo engazange asebenzise amagama akhe, wathatha imisho njengoba injalo esiqeshini, amamaki ayothathwa kumamaki okuqukethwe/amaphoyinti:

1 – 3 imisho ecashuniwe akuthathwa lutho.

4 – 5 imisho ecashuniwe susa **1** imaki.

6 – 7 imisho ecashuniwe susa **2** amamaki.

- Ohlolwayo uyosuselwa imaki eli-1 ngokungabhali inani lamagama awasebenzisile ekugcineni kwalokho akufingqile.

QAPHELA: Izifinyezo mazingasetshenziswa kodwa uma zikhona esiqeshini zingasetshenziswa ekubaleni inani lamagama asetshenziwe.

ISIQEPHU B

INKOMBA YOKUFEZIWE	KUHLE KAKHULU	KUHLE	KUSEZINGENI	KUSEZINGENI ELIPHANSI
A. Umongo	Izinga lokufinyeza lihle kakhulu.	Izinga lokufinyeza lamukelekile.	Izinga lokufinyeza lisezingeni elivamile. Uthe ukuphuma kancane emmongweni wendaba. Usebenzise amagama asendabeni njengoba enjalo nokho anika umqondo.	Izinga lokufinyeza alihle. Usebenzise amagama omlobi njengoba enjalo. Uphumile nasemongweni wendaba.
	[4]	[3]	[2]	[1]
B. Inani lamagama	Amagama angama- 50 – 60	Amagama angama- 52 – 63/ 47 – 57	Amagama angama- 40 – 55/65 – 68	Amagama angezansi kwama-Noma eqe kakhulu Enanini elibekiwe 69+
	[2]	[1]	[1]	[0]
C. Ulimi	Ulimi olusetshenzisiwe luyahlwabusa. Usebenzise amazwi akhe futhi ashaya emhlohlweni.	Ulimi olusetshenzisiwe luhle. Unamaphutha emmongweni wendaba.	Ulimi lusezingeni kodwa sekuqala ukuba namaphutha.	Ulimi lusezingeni oluphansi sekunamaphutha amaningi olimi.
	[4]	[3]	[2]	[1]